# *Ngaphandle KweMali Noma Ngaphandle KweNkokhelo*

Kuyinhlanhla ngempela ukubuya etabernakele, kulokhu ukusa. Ngiyamangala nje . . . UMfowethu Neville ushilo ukuthi abaningi abakwazi ukuzwa emuva lapho. Ningangizwa kahle impela manje, emuva lapho na? Kulungile na? Kulungile. Ngi—ngimncane, ngakho ngifanele ngenze umsindo omkhulu ukuze abantu bazi ukuthi sengikhona.

2 Ngakho, ngiyakhumbula ngesinye isikhathi ngenkathi ngangisebenza eMisebenzini yoMphakathi. Futhi ngangikhuphuka isitebhisi . . . Futhi ngangivamise ukugqoka izicathulo ezinkulu kakhulu, ezinezipikili ezinkulu kuzo, ngibuya ekuhambeni kolayini abakhulu bakagesi. Futhi ngangikhuphuka ngezitebhisi. NoNkk. Ehalt, ongumngani wami, wayekuswishibhodi. Nginesiqiniseko ukuthi uMnu. Ginther laphaya angamazi, kahle kakhulu. Ngakho uEdith wathi, "Billy, wenza umsindo omkhulu kakhulu, ube ungumfo omncane kakhulu, engake ngambona." Ngiqhwabaza lezizipikili ezinkulu, ngenyuka ngiza ngezitebhisi.

3 Ngathi, "Awu, Edith, ngimncane kakhulu, kumele ngazise wonke umuntu ukuthi sengikhona, ngenze umsindo omkhulu kakhulu."

4 Awu, ngisanda kungena ekubizweni. UMfowethu Neville ungitshele ukuthi umngani wethu olungile, uMfowethu Roy Roberson, njengoba engekho enkonzweni kulokhu ukusa, endabeni yokuthi uyagula. Okwakhe . . . Ubenezinyo eligcwalisiwe. Libangele ukuthelelana ngesifo, lase limbangela umkhuhlane othile. Futhi ufanele akhishwe lona, ngiyacabanga, masinyane. NoRoy ubelokhu enjengobaba kithi lapha, futhi siyamthanda. Futhi ngithe, "Mfowethu Roy, ngi—ngiyangena manje, emizuzwini embalwa nje, kulenkonzo." Ngathi, "Ngizocela ibandla ukuba sonke sikukhulekele, kulokhu ukusa," nakusasa uma eseya ngale, ukuba abe nalokhu kunakekelwe. Izinyo selikhule latsheka, noma okuthize, kugcwaliseke ngokungesikho, futhi bafanele bakusike bakukhiphe, bese belikhipha.

5 UMfowethu Roy ungumakade ebona, njengoba nonke nazi, ovela eMpini yoMhlaba yeSibili, oke wadutshulwa nje waba yizicucu. Futhi ukube bekungesikho ukulunga kukaNkulunkulu, ngabe akaphilanga ngisho nokuphila. Walaliswa phakathi kwabafile, isikhathi eside; izingalo zivithikile ngaphakathi lapha, nemilenze ivithikile, nayo

yomibili imizwa emikhulu ifile. Nodokotela wathi, "Uma engake aphile, akayikuphinde ahambe ngisho nesinyathelo." Ngomusa kaNkulunkulu, usebenza nsuku zonke, enombela nayoyonke into. UNkulunkulu ube muhle kuye ngoba uyindoda elungile, futhi siyamthanda. Futhi thina, a—asikakabi nhlobo . . .

6 Uma siphila ngokulungile, lokho akusho ukuthi sigomekile ezinkingeni. Ngokusobala, kuchaza ukuthi zonke izinkinga zibhekiswe ngakithi. "Ngokuba ziningi izinhlupho zabalungileyo, kodwa uNkulunkulu umkhulula kuzo zonke." Yileyo ingxenye enhle kakhulu.

7 Ngakho sizocela umkhuleko okhethekile nje kulokhu ukusa, ngoMfowethu Roy. Angazi noma ukhona yini omunye lapha, nokho, ongathanda ukukhulekelwa, ongathanda ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko na? Uma nje bebengaphakamisa izandla zabo. Kulungile. Lokho kukahle. Asisukume nje umzuzwana nje, uma nithanda, sisakhuleka.

8 Nkosi, siyeza namhlanje, ekuqaleni kwesabatha. Nelanga liqala nje ukwenza umsebenzi walo manje, ukundiza linqamule umhlaba, ukuletha ukukhanya nokuphila kulezo zinto emiselwe ukwenza njalo. Nasekuqaleni kwenkonzo ukuthi . . . Siyingxenye yeBandla laKho, elibizelwe ukubamba izinkonzo zokuphulukisa, ukuphulukiswa enyameni komzimba; ukugcwalisa izifiso nokulangazelela kweNkosi yethu ebusisiwe Eyalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina. Futhi sizocela, ekuqaleni kwenkonzo, njengoba iqala ukuthatha izimpiko zayo, ngamaculo, nezinhliziyo zethu ziqala ukuphakanyiswa, ukuthi siyokhumbula, kulokhu ukusa, Nkosi, owethu othandekayo, umfowethu oligugu, uRoy Roberson, inceku yaKho ethobekile. Futhi siyazi ukuthi Wasindisa impilo yakhe enkundleni yempi, futhi Ubemuhle kuye. Futhi namhlanje uhlaselwe ngukugula, ukuthi akakwazi ukuza enkonzweni.

9 Futhi, Nkosi, ngesikhathi besakhuleka endlini kaJohn Mark, kwaba neNgelosi eyehlela ngaphakathi endlini yejele, lapho uPetru wayeboshwe khona, lapho yavula iminyango, ngokuyimfihlo, yase imhola ephuma.

10 O Nkosi, Wena usenguNkulunkulu. Lezo ziNgelosi zingaphansi kokuyala kwaKho kulokhu ukusa. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi sisakhuleka lapha endlini kaNkulunkulu, ukuthi iziNgelosi zizokwehlela endlini kaMfowethu Roberson. Isifiso sakhe ukuba sendaweni yakhe lapha, kodwa ukuhlaseleka kumbambe kwamcindezela phansi. Futhi kwangathi iziNgelosi zikaNkulunkulu zingamkhulula, zimenze asinde, ukuze athathe indawo yakhe futhi endlini kaNkulunkulu.

11 Kunabanye abedlule ebunzimeni, be—bebegula. Futhi sibone owesifazane osekhulile, lapho esaya kohlala esitulweni sakhe, ephakamisa izandla zakhe, lapho esatatabuka ema

ngezinyawo zakhe. Uze endlini kaNkulunkulu, ukuze aphiliswe. Siphe, Nkosi, ukuthi uzophuma ehamba, nokugxuma nobusha bowesifazane osemusha.

12 Bonke abanye ophakamise izandla zabo, eziningi zazo ziphakamile, ngoba kulotshiwe, futhi kucashuniwe ngaphambili ukuthi, "Ziningi izinhlupheko zolungileyo, kepha uNkulunkulu uyamkhulula kuzo zonke." Kwangathi singandiza namhlanje siye ekukholweni, izingalo zokukholwa, ukuthi uzosikhulula kukho konke ukugula nokuhlaseleka. Uma inkonzo seyiphelile, kwangathi kungebekhona namunye ogulayo phakathi kwethu.

13 Siphe, Nkosi, ukuthi wonke ongakholwayo uzoba yikholwa. Futhi sisazindla phezu kweZwi laKho, kwangathi uMoya oNgcwele ungaLithatha futhi Ulifake ezinhliziyweni zethu, nalapho uYinisele ize Ibe yisithelo seZwi. Senzele lokhu, Nkosi, sisakhothamisa amakhanda ethu ngokuthobeka futhi sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

14 Ngaphambi nje kokungena emlayezweni wenkonzo yakulokhu ukusa, ngizothanda ukukubeka emiqondweni yenu, ngokusondele kancane. Uma ekhona noma ngubani osemaholidini, futhi ongafuna ukuthamela enye yezinkonzo ezizobe zibanjelwe eMiddletown, eOhio, ziqala ngoMsombuluko, iviki, zizobanjelwa ezinkundleni zokukhempa.

15 Uyalazi yini igama nje lezinkundla zokukhempa, Gene na? [UMfowethu Gene uthi, "Bathi lalingamamayela ayishumi nambili ukuphuma eMiddletown."—Umhl.] UMfowethu Sullivan. IMiddletown yidolobha elincane, ngiyacabanga licishe lifane neJeffersonville lapha. Yisikhungo sokudlalela i-bhasketbholi. UMfowethu Sullivan ungumelusi lapho. Noma ubani wamabandla eFull Gospel, okungukuthi amashumi ayisithupha nokuthize abambisanayo kulenkonzo, abazokwazi ukunitshela lapho izinkundla zokukhempa zikhona.

16 Futhi kuzobe kunezindlwana eziningi ezinkundleni zokukhempa, ngitshelwe kanjalo, ukunakekela abantu abangathanda ukuza. Nezinkonzo zizoqala ngoMsombuluko kuze kube nguMgqibelo, izinsuku eziyisithupha. Futhi ingeke ibekhona ngeSonto, ngenxa yamanye amabandla, ukuthi bengahamba babe nezinkonzo zabo ezejwayelekile. Mhlawumbe, kuzoba nezinkonzo zokuphulukisa, noma umkhuleko wabagulayo, ubusuku ngabunye. Futhi wonk'umuntu umenyiwe. Futhi leyo izoqala ngo Agasti ziyi 10, kuya ziyi 15, ngoMsombuluko kuya kuMgqibelo. Uma ngabe useholidini, futhi—futhi uneholide lakho elizayo, futhi ungafisa ukulichitha ngendlela enjalo, awu, singathokoza impela ukuba nawe.

17 Ngingathanda futhi ukukhuthaza bonke labo ongakabhaphathizwa ngombhaphathizo wamaKristu, ukuba

basale ngemuva kulokhu ukusa futhi bakucabangisise. Futhi nilungele inkonzo yombhaphathizo ezolandela ingene cishe emizuzwini engamashumi amane nanhlanu manje, ngiyacabanga. Leyo izoba lapha ebandleni.

18 Sithanda kakhulu kakhulu ukukhuthaza abantu ukuba babhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, sazi ukuthi umqoka ensindisweni. Ngoba walotshwa yiNkosi yethu, umyalo waYo wokugcina, umyalo waYo wokugcina eBandleni. Noma, njengoba Yayala iBandla, ekugcineni, Yathi, "Hambani niye emhlabeni wonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lowo okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa." Ngakho siyazi ukuthi kusemqoka ukuba sibhaphathizwe ngokucwiliswa.

19 Futhi siyojabula ukukwenzela lenkonzo, noma ngabe ngubani okholisekile enhliziyweni yabo ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Wafa ukusindisa izoni, nawe uyilowo Afa ukuba amsindise; futhi ungathanda ukuza bese ubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; usho, ezweni, ukuthi uyakholwa ukuthi izono zakho zithethelelwe, nokuthi manje usuzoba ngumfundi weNkosi Jesu, ukuthatha isinqumo sakho.

20 Uma ungenalo ibandla ukuya kulo, sizokuthokozela ukuba nawe ukuba uhlanganyele nathi. Asinamalunga lapha. Itabernakele elivulelekile, elawo wonke uMzimba kaKristu, elawo onke amahlelo. Sima njengenhlanganisela yamahlelo. Futhi sivula iminyango kubo bonke abantu, akunandaba ukuthi bangobani, ibala, uhlanga, noma isivumokholo, wonk'umuntu wemukelekile. "Noma ngabe ngubani othandayo, makeze." Futhi uma ungenalo elinye ibandla, singakuthokozela ukuba uze futhi uhlanganyele nathi. Akukho ongakujoyina. Woza ungene nje uma umnyango uvuleka, futhi uhlanganyele nathi. Yilokho kuphela okudingayo; woza unjalo nje. Woza nenhliziyo evulekile, faka amahlombe akho esondweni, futhi usisize sisaphikelela phambili ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. Ngokuba, siyakholwa ukuthi ihora, seliduzane masinyane, ukuthi lapho zonke izinto okwakhulunywa ngazo eBhayibhelini zizogcwaliseka.

21 Akungabazeki kodwa abaningi benu basifundile esikaKhrushchev, isitatimende sakhe kwi U.N., ngolunye usuku, njengoba ngacashunelwa sona ephepheni laseCanada, ngumngani. Wathi, "Uma kunoNkulunkulu, Ulungele ukushanyela futhi ahlanze ithempeli futhi, ngani nina makhephithalisti, njengoba Enza ekuqaleni." Ngakho manje seningayifunda ivaliwe, "Uselungele ukushanyela ithempeli futhi." Futhi kabi, ikhomanisi beliyofanele lisho into enjengaleyo pho? Wayenokuthize, nokho. Kunjalo. Kwakungamakhephithalisti, ekuqaleni, ababangele inkinga. Singamakhephithalisti.

22 Ngimzwile owethu othandekayo, umelusi othandekayo, uMfowethu Neville, ephawula kumabonakude wakhe... noma ukusakaza komsakazo, ngokunye ukusa, lokho kuqhubeke nje njalonjalo, emqondweni wami. Ngingeke nje ngikukhohlwe. Ngikucaphunele umngani wami, izolo ebusuku. Futhi lokho bekuyilokhu, ukuthi kuzoba...Emva kokususwa kukaMoya oNgcwele, ususwe emhlabeni, leyonkolo yebandla ngegama iyoqhubeka njalonjalo, ingazi mehluko. Nake, ngabe...Bangaki abakuzwile lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe lokho bekungethusi na? Abamazi uMoya oNgcwele, ngakho bangeke bazi uma Esehambile, futhi bayobe besaqhubeka nje kanjalo ngokufanayo nje. Ngenkathi owokugcina esenanyatheliswe ngophawu ngaphakathi eMzimbeni kaKristu, bayobe besalokhu beqhubeka nje, bezama ukuletha abaphendukile kuWo, ngoba abazi ukuthi Uyini. Nezinkolo zabo ngegama zizoqhubeka nje njengoba bezilokhu zinjalo. Manje, kungahle kungangeni kuzike kini njengoba kwenzile kimi, kodwa lokho bekuyisitatimende esigqame ngempela. Ukuthi, bayoqhela kakhulu, besemasikweni ezenkolo nje, baze bangasayikuphuthelwa nguMoya oNgcwele, ngoba abazi ukuthi Uyini, kwasekuqaleni nje.

23 Nkulunkulu yiba nomusa kithi. Mfowethu, ngizothanda ukuphila kulokhu kuphila, nesifiso sami, kuze kube uma ngisho okuncanyanyana kokudabuka kwaKhe, ngizokwazi enhliziyweni yami. Ngiyokwenza into ezoMdabukisa, ngiyokwazi ukukuzwa ngomzuzwana nje.

24 Angisayiphathi-ke, eyokungabibikho kwaKhe; angifuni ukuba lapha uma Engekho lapha. Ngifuna ukuba ngihambile ngaleso sikhathi, yebo, mnumzane, ngokuba liyobe lingasekho iGazi esihlalweni somusa. Kuyohwaqabala futhi kubenentuthu futhi kubemnyama. Indawo engcwele ingeke isaba noMmeli lapho, ukusinxusela ecaleni lethu ngaleso sikhathi. Niyazi ukuthi umBhalo uyakusho lokho na? Indawo engcwele yayinomusi. Kwakungekho Gazi phezu kwesihlalo somusa, ngakho-ke kuba ngukwehlulela.

25 Uma iNkosi iyothanda, ngesinye isikhathi kulokhu kukhithika kokuqala, isiphe imvuselelo yobusuku obumbalwa. Nginqumile nje engqondweni yami, ngifuna ukuthatha leyoNcwadi yeSambulo, ukuba siyitadishe, siqhubeke sehle ngqo naleyoNcwadi yeSambulo, siqhubeke.

26 Manje, namhlanje, ngiyazi ukuthi kunabaningi ongenayo, ukuba akhulekelwe. Nehhovisi lami belivaliwe namhlanje, noma kuleliviki. Futhi abanye abantu bangenile, bangalithola ithuba lokuba bakhulekelwe, phandle lapho, ngenxa yokuthi abafana besebehambile, usuku noma okunjalo, ukuyophumula. Banomsebenzi omningi abafanele bawenze; umsebenzi ongowabo, kwengezwe nomsebenzi wetabernakele, nezincingo zami nayoyonke into. Kugcina sekukukhathaza nje. Futhi

ngakho-ke yileso sizathu. Ngiyazi ngifanele ngiphumele ndawana thize, kanye emva kwesikhathi, futhi ngenze into eyehlukile, futhi ngiyazi bayakwenza, nabo. Ngakho, bangishayelile. Ngathi, "Ngicabanga ukuthi kuzolunga." Futhi sizokhulekela abagulayo, emizuzwaneni embalwa.

27 Futhi ngicabange ukuthi sizofunda eminye eZwini likaNkulunkulu. Uma uneBhayibheli lakho manje, masivule eNcwadini kaIsaya. Ngithanda ukunibona niyithola iNcwadi yenu futhi niYifunde. Ngifunda...Uma ningenawo nje noma elilodwa noma amabili amaZwi esiwafundayo, nokho, ElikaNkulunkulu eliPhakade, iZwi eLingafi. Lingeke ledlula. Isahluko 55 sikaIsaya, isihloko, "Insindiso engunaphakade."

> *We, nina nonke enomile, wozani emanzini, nawe o*ngenamali; *wozani, nithenge, nidle; ya, wozani, nithenge iwayini...ubisi ngaphandle kwemali kungabizwa lutho.*
>
> Niyi*chithelani imali kukho okungesiso isinkwa na? nenzuzo yenu kukho okungenelisiyo na? ngilaleleni nokungilalela, nidle okuhle, umphefumulo wenu ujabule ngamanoni.*
>
> *Bekani indlebe, nize kimi: nizwe, uyakuphila umphefumulo wenu; ngiyakwenza nani isivumelwano esiphakade, izenzo zomusa oqinisekileyo zikaDavide.*

28 Ngithanda ukukhuluma nani, okwemizuzwana embalwa nje, ngendaba ethi: *Ngaphandle KweMali Noma Ngaphandle KweNkokhelo.*

29 Kunezinto eziningi kakhulu ezijabulisanayo zezinsuku zethu. Kunokuningi kakhulu okuyenga abantu kulokho ebesingakubiza nge "zinjabulo," futhi kungokwabo bonke abantu, yonke iminyaka.

30 Kunokuyengwa kwabantu abasha, imidanso yesimanje namaphathi omculo wokuzibinya, nomculo abanawo ohambisana nawo. Futhi konke kuyayenga, kwenzele ukuzijabulisa.

31 Angikhathali ukuthi lihle kanjani ikhaya umntwana akhuliswe kulo, nokuthi ufundiswe kanjani ukuba enze kahle; uma lowo mntwana engakasemukeli isehlakalo sokuZalwa ngokusha, umculo wokuzibinya ubamba ukunaka kwakhe masinyane nje uma ewuzwa. Ngoba, kuye, kuzelwe kuye, ngokwemvelo, umoya wenyama. Futhi amandla kadeveli makhulu kakhulu, namhlanje, aze abambe lowomoya waloyo omncanyana.

32 Futhi angenza kakhulu kangakanani komdala, khona-ke, owenqabe ukuZalwa ngokusha! Ngoba, kuphela nje lapho impilo yakho iguquliwe, futhi usuphendukile futhi wazalwa ngokusha, eMbusweni kaNkulunkulu, imvelo yakho izobe

isalokhu ingeyezinto zomhlaba, akunandaba ukuthi ukholwa kanjani, ngaphandle uma lokho kuguquliwe kuwe. Ungakhonza futhi ubengokholwayo, kodwa lokho kuzobe kusalokhu kube nohlobo oluthile lwamandla adonsayo kuwe, ngoba lomuntu omdala wesono nezifiso zakhe akakafi ngaphakathi kuwe namanje.

33 Kodwa uma uke wavumela uKristu athathe isihlalo sobukhosi enhliziyweni yakho, lezozinto azikhathazi. Kukhulu kakhulu.

34 Ngingeke ngalisho igama lendoda, ngoba angisalikhumbuli igama layo manje, kodwa abaningi benu bazoyikhumbula. Bathi kwakunesiqhingi lapho amadoda ayeye khona, ngokubalalela unyendle, nabesifazane babephuma, becula. Namaculo abo ayeyengana kakhulu, ukuthi amatilosi ayedlula lapho, ngemikhumbi, ayengena. Bese kuthi-ke amasosha abalalele unyendle endleleni aye—ayebamba lamatilosi enganakile, bese ewabulala. Futhi indoda ethile enkulu yayifuna ukwedlula ngalapho. Futhi yathi amatilosi ayo awayikhungele epalini lomkhumbi, bese—bese—bese befaka into ethize emlonyeni wayo, ukuze ingakwazi ukumemeza; ya—yase ifaka izinto zokuvimba umsindo ezindlebeni zamatilosi ayo, ukuze angezwa, futhi ahambe ngomkhumbi ngakhona, ukuba awuzwe. Nabesifazane baphuma, bedansa futhi—futhi bememeza, futhi becula, futhi, o, kwakukuhle kakhulu, yaze yashintsha isikhumba ezihlakaleni zayo, imemeza kumatilosi ayo, "Phambukani ningene! Phambukani ningene!" Kodwa awayizwanga, ayefake izinto zokuvimbela umsindo ezindlebeni zawo.

35 Futhi yase ihamba ngomkhumbi iya endaweni ethize lapho babezoyikhumula epalini elakhe, noma, bayiqaqe izandla zayo, futhi yayifanele ikhiphe izinto ezivimbela umsindo ezindlebeni zawo. Lapho, ngesikhathi ihamba ezitaladini, yezwa umculi owayesezingeni elikhulu kunaloyo osezansi lapho, kangangokuba ngenkathi idlula lapho futhi, bathi, "O, mzulane omkhulu, singakubophela futhi epalini lomkhumbi futhi na?"

36 Wathi, "Qhabo, ngiyekeleni nje ngingakhungiwe. Ngizwe into emangalisayo, kangangokuba lokho kungeke kusangikhathaza nhlobo."

37 Kungaleyondlela-ke kumKristu ozelwe ngokusha. Athola into enkulu kakhulu kunomculo wokuzibinya nokuzijabulisa kwalomhlaba. Ajatshuliswa nguMoya oNgcwele. Kukhulu kakhulu, kuze kuba izwe lifile kubo.

38 Kodwa uma uya kulokhu kuzijabulisa okushibhile, ufanele ukhumbule ukuthi umele uthathe imali eningi. Umfo omncane othatha intombi yakhe kulamaphathi nalemidanso, kanjalonjalo, uzokhokha okuningi ngakhulu komholo wakhe weviki. Nabantu abadala abazama ukuthola injabulo ngokuya

emabhareni otshwala, ukuphuza bakhohlwe izinsizi zabo zeviki, bazodingeka bakhokhe imali enkulu. Futhi batholani kuyo na? Abatholi lutho nhlobo ngaphandle kobuhlungu benhliziyo.

39 Futhi khumbulani, uyofanele ukhokhelane noNkulunkulu ngolunye usuku ngakho. "Nenkokhelo yesono ngukufa." Awenzi lutho nhlobo lapha emhlabeni, ngakho. Ngutalagu lwamanga. Ukuphuza kuzokwengeza usizi kuphela. Isono sizokwengeza ukufa kuphela phezu kokufa. Isiphetho sakho sokugcina sizoba ngukwehlukana noNkulunkulu, Phakade, uphakathi eChibini loMlilo. Futhi ungeke uzuze lutho, kodwa ulahlekelwe.

40 Bese kuthi-ke uNkulunkulu afike futhi abuze umbuzo, "Uyichithelani imali yakho ngalezozinto ezingenelisiyo na? Ukwenzelani na?"

41 Yini eyenza umuntu afune ukukwenza na? Bachitha konke lokho abanakho, konke lokho abangakuhola, ukuthenga ukuphuza, ukugqokisa owesifazane othize abagijima naye, noma uhlobo lweyezwe, izinjabulo ezigcwele inkanuko.

42 Kodwa siyatshelwa eBhayibhelini, futhi simenyelwa ukuza kuNkulunkulu, "Nokuzothenga injabulo yaPhakade nokuPhila okuPhakade, ngaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo."

43 Lezo zinto zingeke zenelise, nesiphetho sazo ngukufa kwaPhakade. Futhi kukubiza yonke imali ongabuthela ndawonye, ukuba ngu—ngumuntu omkhulu noma umjabulisi, noma umfana wenjabulo, noma ngabe yini ongahle ube yiyo, noma intombazana edumile, noma ngabe kuyini. Kubiza konke ongakuqokelela ndawonye, ukwenza lokho. Ugqoke izimpahla eziphakeme kunazo zonke kakhulu, futhi—futhi wenze izinto ezenziwa izwe, ube uzovuna kuphela isheke lokulahlwa kwaPhakade.

44 UNkulunkulu wathi, khona-ke, "Kungani na?" Siyokwenzani ngoSuku lokwaHlulelwa, uma sesibuzwa ukuthi sikwenzeleni lokho na? Iyothini impendulo yakho na? Iyoba yini impendulo kuleMelika yesimodeni, ethi iyisizwe samaKristu na? Futhi kunemali eningi echithwa ngogologo, esikhathini esingangonyaka, kunekhona ngokudla. "Kungani nichitha imali yenu ngalolohlobo lwezinto na?" Abe kanti, uhulumeni engakuthumela endaweni yokuhlunyeleliswa kwezimilo, ngenxa yentela ebiza amadola ayisihlanu mhlawumbe owathumele esikhungweni esithize ebingahlelelwe ngokuyikho ukwemukela intela, ukuthumela ezinye izithunywa zenkolo ngaphesheya kwezilwandle. Siyobuzwa ngolunye usuku, "Wakwenzelani na?"

45 Siyisizwe samaKristu, nezigidigidi zithunyelwa kulabo bantu khona ngale, labo esizama ukuthenga ubungani babo. Manje bayabunqaba. Akumangalisi uKhrushchev athi, "Uma kunoNkulunkulu, Uzoshanyela isigodlo saKhe sihlanzeke futhi." Abahedeni bangenza isitatimende esinjalo, ukusithela

ngehlazo. Into eyinhlekisa kanje pho okuyikho! Futhi sizibiza ngamaKristu.

46 UNkulunkulu wathi, "Woza, uthenge ukuPhila okuPhakade, ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenkokhelo." UkuPhila, ukuphila ingunaphakade, futhi siyaKufulathela futhi sihleke ebusweni baKhe. Siyokwenzenjani ngaloloSuku na? Kuyoba yini na . . .?

47 Uma uNkulunkulu esinika izinto ukuba sizenze, futhi asinike imali, futhi asenze isizwe esinothe kunazo zonke ngaphansi kwamazulu, khona-ke uNkulunkulu uyosibuza ukuthi senzeni ngayo. Siyichithelani imali yethu ngezinto ezingenelisiyo na? Hhayi esizweni kuphela, kodwa lokho kuyoba kumuntu ngamunye; kusukela kopeni, kuya ezigidini zamadola, ngamunye azonikezwa wona.

48 Uma amadoda ebulalana: Ngisanda kufunda udatshana nje, lapho abafana ababili besebenza enkanjini yokuzingela. Oyedwa wayenabantwana abayisihlanu, omunye wayenababili. Futhi omunye wabo kwadingeka aphelelwe ngumsebenzi. Futhi omunye wabafana owayenabantwana ababili, noma wayenabantwana abayisihlanu, wazizwela ukuthi wayewudinga kakhulu umsebenzi kunalona onabantwana ababili; wase eya kozingela naye, futhi wamdubula emhlane.

49 Imali, yilolo hlobo lwesizwe, yilolo hlobo lomuzwa, yilolo hlobo lomoya olubusa abantu.

50 Ngakho-ke ningabona ukuthi kwakufanele kubemqoka kanjani ukuZalwa ngokusha. "Ufanele uzalwe ngokusha." Kufanele kubenjalo. "Wozani kiMi, futhi nithenge ngaphandle kwemali."

51 Ungeke uthi, "Ngangingenamali." Awudingi namali. Kunikezwa ngesihle.

52 Thina maMelika sithanda kakhulu ukukhokhela indlela yethu kuyoyonke into. Yileso isiqubulo sethu. "Siyazikhokhela izinto. Sinemali." Sibukise ngamadola aliphepha kwamanye amazwe, kanjalonjalo, ampofu. Singene, ubona izivakashi zingena, zonke zigcwele izinsiba nokukahle. AmaMelika ayazinakekela. Leyonto ngukuthola imali ngokukhohlakala emehlweni kaNkulunkulu. Lokho kungeke kwathenga indlela yethu eya eZulwini. Kodwa yonke into eMelika, sifanele sikhokhele indlela yethu.

53 Uya esitolo othenga udlele kuso, futhi udla ukudla kwakho kwasemini. Futhi uma ungabeki imali phezu kwetafula, ukuthipha lowo owetayo, kunokuhlina okuvela ebusweni, emva kokuba ekhokhelwa yinkaphane ayisebenzelayo. Futhi lokho bekungcono okungenani kube ngamaphesenti ayishumi, noma ngaphezulu, kwesikweletu sakho. Uma ungakwenzi, loyo weta uzokubukela phansi njengongoqo noma uhlobo oluthize o—oluyiqonqela. Abe kanti, uyayithola imali

yakhe. Ngicabanga ukuthi kulihlazo namahloni, ukukwenza. Ngicabanga ukuthi kungukwehluleka okungenasisindo phezu kwesizwe. Kwakuvame ukuba, abantu abalungile, izindawo ezinhle, bezingakuvumeli lokho. Kodwa konke kuya emoyeni munye omkhulu.

54  Nganginohambo, ngesitimela. Nosizana ngemithwalo. . . Ngangiphethe ipotimende elincane ngesinye isandla, nepotimende elikhulu ngesinye, nesikhwanyana sezinto zokushefa ekhwapheni lami, futhi ngangihamba. Osizana ngemithwalo weza, wathi, "Ngingakuthwalela lona na?"

55 Ngathi, "O, ngiyakhona laphaya nje esitimeleni, mnumzane. Ngiyabonga, kakhulu." Cishe nje, o, amayadi angamashumi amathathu.

56 Wathi, "Ngizolithatha," futhi wathatha into encane wayiphakamisa, wahamba waqhubeka.

57 Awu, uma esefikile, ngacabanga mhlawumbe ngi. . . Ngangazi ukuthi wayekhokhelwa, kodwa ngizomnika nje—ngizomnika nje uhhafu wedola. Mhlawumbe wayephethe, izimpahla zami, cishe, singathi, umzuzu; cishe buqamama njengasekugcineni kwalelitabernakele, lapha agibela khona isitimela. Ngagibela esitimeleni, kuqala, ngase ngelula isandla ngalithatha. Ngamnika uhhafu wedola.

Wathi, "Umzuzu nje!"

Ngathi, "Yini, mnumzane na?"

Wathi, "Ngikuthwalele izikhwama ezintathu!"

Ngathi, "Yebo, mnumzane, kunjalo. Yini, yini eyiphutha pho?"

58 Wathi, "Imali yami encane engibizana yona ngamashumi amabili nanhlanu amasenti isikhwama ngasinye. Ungikweleta amanye futhi amashumi amabili nanhlanu amasenti."

Niyabo, lobo ngubuMelika, yonk'into imele ikhokhelwe.

59 Uhamba ugibele imoto yakho bese uyiyekela iwele esiseleni, bese uthola umuntu othize ukuba akudonse akukhiphe. Kuncono uvele ulungele ukukhokha, ngoba bazokukhokhisa ngayo. Uma umdonsi wezimoto ezishayisile eza akulande, uzokubiza imali ethize ngemayela. Futhi uma umlimi, amahlandla ayisishiyagalolunye eshumini, akhiphe uganaganda wakhe, kuzoba kubi kakhulu kunalokho.

60 Ufanele ukhokhele yonk'into oyenzayo. Yonk'into uku "Khokha! Imali! Khokha! Imali!"

61 Futhi sikhulu kanganani-ke isisele isono esikufake kuso! Ngubani ongake akukhiphe esiseleni sesono na? Kodwa uNkulunkulu ukukhipha kulesi sisele sesono, ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenkokhelo, lapho kungekho namunye ongakukhipha.

62 Uma ungamkhokheli kahle umdonsi wezimoto ezishayisile ngokudonsa, uyohlala esiseleni. Ufanele ube nemali noma uyohlala esiseleni.

63 Kodwa isisele esibi kakhulu owake wangena kuso, yileso udeveli akufaka kuso, isisele sesono nokungakholwa. UNkulunkulu ngokuthanda kwakhe uyakukhipha, ngaphandle kwemali, ngaphandle kokubiza. Kepha noma kunjalo ulala esiseleni, uhlaphaza isono nje, futhi awuMbizi ngisho.

64 Uma ukhipha umdonsi wezimoto ezishayisile, ngokuvamile bafaka iketango elikhulu balifake le phakathi esiseleni, balibophele kubhampa noma okunye nokunye, bese beqala ukudumisa injini. Bese-ke amandla emoto eqala ukudonsa, imishini ehambisayo iqala ukusebenza, futhi ikudonse uphume.

65 Uma uNkulunkulu ekuthola usesiseleni sesono, futhi ekuzwa uMbiza, Uthumela lapho phansi iketango elasongwa eKalvari, uthando lukaNkulunkulu, bese eLihhuka enhliziyweni yakho, bese efaka aMandla kaMoya oNgcwele lapho, ukuze aqale ukudonsa. Futhi akukubizi lutho. Futhi nokho silala lapho esiseleni ngoba asikwazi ukukhokha ngamaphakethe ethu. Thina maMelika sicabanga ukuthi singakhokha ngokuphuma emaphaketheni ethu, kodwa ungeke. Kungaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo. Awuyikhokhi ebandleni. UJesu wayikhokhela eKalvari. Kodwa abantu banamahloni ngaWo. BaWufuna ngendlela yabo. UNkulunkulu unendlela yakhe ukuba uWemukele ngayo, futhi Ungesihle uma uzoWuthatha.

66 Ngokwejwayelekile, uma bekukhipha esiseleni, uba nemihuzuko yonke indawo, ufanele wenyukele, esibhedlela. Futhi ngaphambi kokuba baqale ukukusebenza, ngaphambi kokuba kwenziwe into eyodwa, bayabuza, "Ngubani ozokhokhela izindleko na? Uma sizothunga izilonda, uma sizothela amafutha phakathi, bese sikunika imijovo uku— ukukuvikela ukuba ungabi nophoyizeni egazini, hlobo luni lomshwalense onalo na?" Ngaphambi kokuba benze into eyodwa, kumele kube yimali olayinini.

67 Kodwa uma iNkosi yethu ifaka iketango laYo lothando igiga inhliziyo yakho, bese ikudonsa ikukhiphe esiseleni sesono, Iphulukisa yonke inhliziyo eyephukile, isuse sonke isono. Nesikweletu sifakwa olwandle lokukhohlwa, ukuba singaphindi sikhunjulwe ngawe. "Wozani, ngaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo." Akunandaba ukuthi nisikeke kabi kanjani, nilinyazwe kabi kanjani, ukuthi umndeni wakho wenze kanjani, noma lokho okwenzile, akukho sikweletu kukho. Uphulukisa ubuhlungu benhliziyo, asuse zonke izinsizi zakho. "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, walinyazwa ngobubi bethu; ukuhlushwa kokuthula kwethu kwakuphezu kwaKhe; futhi ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Konke kungesihle.

68 Futhi singeke saKwemukela, yingenxa yokuthi sibuswa ngumoya ongesiwo. Sibuswa ngumoya wesizwe, umoya wezwe, esikhundleni sokubuswa nguMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, osiholayo futhi usiqondise kuwo onke amaQiniso, futhi wenze iBhayibheli libe yiqiniso.

69 Ngesinye isikhathi esedlule, ngangikhuluma nomphikinkolo. Wathi, "Kucabange, Mnu. Branham. Lonke lolusizi lokuphila, nento kuphela esinayo, ukuthi sisindiswa ngayo, yimibhalo emidala yamaJuda."

70 "O," ngathi, "mnumzane, lokho kungaba yikho kuphela onakho, kodwa nginento ethize engaphezu kwalokho. NginoMoya waloYo owaLiloba, lokho kuyaLiqinisekisa futhi kuLenza libe yiqiniso, sonke isethembiso." Wayengazi ukuthi akuthathe kanjani lokho.

71 Niyabo, nifanele nize nithenge ngaphandle kwemali, nithenge ngaphandle kwenkokhelo. Akubizi lutho. Kungesihle ku "noma ngubani othandayo, makeze." UNkulunkulu ukudonsa akukhiphe esiseleni.

72 Njengendoda esangweni elithiwa Lihle. Yayifakwe esiseleni, kusukela esibelethweni sikamama wayo, ngudeveli owayeyikhubazile ezinyaweni zayo. Indlela yayo yokuphila kwakungukunxiba okuphiwa abampofu kubantu ababedlula lapho. Futhi isahlezi esangweni ngalokho kusa, yabona abashumayeli ababili abangamapentecostal beza. Kungekho nandibilishi phakathi kwabo, ngoba wathi, "Isiliva anginalo." Futhi indibilishi yimali encane eyisiliva. "Isiliva negolide anginakho."

73 Ngicabanga ukuthi indoda yacabanga into enjengalena. "Asikho isidingo sokulanda inkomishi yami." Mhlawumbe yayizama ukuqongelela imali eyenele. Yayineminyaka engamashumi amane ubudala, futhi mhlawumbe yayizama ukuqongelela imali eyenele, odokotela babengamenzela ipheya lezinsimbi zokumisa imilenze, ukuba ahambe ngazo, ngokuba, yona, emaqakaleni ayo yilapho eyababuthakathaka khona. Futhi mhlawumbe yayifanele ibe nemali, ukulala kulayini, ngaphambi kokuba odokotela bayinike usizo. Futhi ngiqinisekile ayinasidingo sokuba ibambe inkomishi yayo kulaba bashumayeli bamapentecostal ababengenalutho. Ithuba, bona i. . .yayimpofu kakhulu, ukuthi ingahle ikwazi ukuthola upeni owodwa kulabo bafo.

74 Kodwa ngenkathi ibuka ebusweni babo! Oyedwa, osemusha futhi ekhophoza nobusha; enye, endala neshwabene; njengoJohane. . .lapho uPetru noJohane benyukela esangweni. Yabona into ethize kuleyondoda eseyintsha. Lokho ngukuthi, ukukhophozela kwakungaphezu kancane kwalokho okwejwayelekile. Yabona ngaphansi kokushwabana neminako, kwelanga laseGalile elashisa ubuso bomdobi omdala, kwakune

"njabulo engakhulumekiyo, futhi egcwele inkazimulo." Yabona into ethize eyabonakala ngathi yehlukile kancanyana.

75 Niyazi, kukhona okuthize ngobuKristu, okwenza abantu babukeke behlukile. Bangabantu abahle ukubedlula bonke emhlabeni wonke.

Wase ethatha inkomishi yakhe wayibamba.

76 Nompostoli uPetru, engomdala kunabo bonke, wathi, "Isiliva negolide anginakho." Ngamanye amazwi, "Ngingeke ngakusiza ngisho nangani, ukuba uthenge lezi zinduku zokuqhugela. Isiliva negolide anginalo, kodwa lokho enginakho!" Wayeyile ukuyothenga kuYe onemali nezinjabulo zewayini lensindiso. Wayesanda kubuya, izinsuku ezimbili noma ezintathu ngaphambi kwalokho, esuka ePentekhoste, lapho okuthize kwakwenzekile.

77 Nensizwa yagxuma ngo "amen" omkhulu kakhulu kukho, yase imbuka emehlweni akhe.

78 Kwenzekani na? Leloketango lokuzwelwa, uzwelo lwaKhe owathi, "Nginozwelo kwabagulayo," lowoMoya ofanayo owathatha indawo enhliziyweni yomdobi omdala. Wathi, "Ngasemalini-ke, anginayo, kodwa nginento ezothatha indawo yayo ngokuphindwe kazigidi. Lokho enginakho!"

79 Manje khumbulani, uPetru wayengumJuda, futhi ayayithanda imali, ngokwemvelo, kodwa lomJuda wayesephendukile. Hhayi ukuthi, "Lokho enginakho, ngikuthengisela khona."

80 Kodwa, "Lokho enginakho, ngikunika khona! Lokho enginakho! Anginapeni ephaketheni lami. Bengingeke ngathenga ulofu wesinkwa. Bengingeke ngathenga lutho. Anginasenti. Kodwa uma ungakwemukela, lokho enginakho, ngizokunika khona ngoba ngaphiwa khona." Yilokho esikudingayo. "Lokho enginakho, ngikupha khona."

"Yini onayo, mnumzane na?"

81 "Bengisenhla kuYe othengisa ubisi noju, ngaphandle kwenkokhelo. Ngizokunika Khona. Awungikweleti lutho ngaKho. Uma ungaKwemukela, ngizokunika Khona. Hhayi njengoza ukukhokhisa, kodwa labo abazokupha."

82 Ngoba, "Njengoba wemukela ngesihle, nikeza ngesihle." Bekungumyalo weNkosi yakhe, izinsuku ezintathu nje ngaphambili. "Hambani ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Yilowo nalowo okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa; futhi lowo ongakholwa uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: EGameni laMi bayakukhipha odeveli; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephuza okubulalayo, kungeke kwabalimaza; uma bephatha izinyoka, zingeke zabakhathaza. Njengoba nemukele ngesihle, nikezani

ngesihle." LowomJuda wayeseguquliwe. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti kane—Umhl.]

83 Esikudinga eMelika ngukuguqulwa, kukaMoya oNgcwele ukuba uthathe indawo yamasiko ethu athize ezenkolo. "Njengoba wemukela ngesihle, nikeza ngesihle."

84 "Lokho enginakho, ngikupha khona: EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma uhambe"; ukukholwa kuleloGama elingangcolisiwe loMdali! Akumangalisi ahamba egalobha futhi egxuma, futhi edumisa uNkulunkulu!

85 O, niyazi izinto ezinkulu, mhlawumbe wayehlezi lapho iminyaka engamashumi amane, ezama ukuthola imali eyenele ukuzithengela izinduku zokuqhugela, kodwa akakwazanga ukukwenza. Kodwa khona lapho nje endaweni engalindelekile kakhulu, nesikhathi esingalindelekile, nabangalindelekile kakhulu, abantu abangelutho, wathola lokho ayekufuna. Ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu ukwenza ngaleyondlela.

86 Nesixuku sabancane, ababizwa ngabagingqiki abangcwele ngobunye ubusuku, ngathola lokho engangikufuna, lokho imali eyayingekuthenge. Esigejaneni sabangazi lutho, abangafundile, abantu abagqoke kabi, amaNigro, kwasekuqaleni, ngaphandle ngale endlini yomcwali wezinwele encane endala eguquliwe, kwiphansi, ngathola inkokhelo, ubucwebe; ngesikhathi lowo omnyama ngebala engibuka ebusweni bami, wayesethi, "Ngabe wamemukela yini uMoya oNgcwele selokhu wakholwa na?" O, Kwakuyinto engangiyifuna. Ngangingayilindelanga ukuYithola phakathi kwalabo bantu, kodwa babenalokho engangikudinga.

87 I U.N. namhlanje, bebengeke bakwemukele lokho esinakho, kodwa yilokho abakudingayo. UKhrushchev, bonke abanye babo, badinga uKristu, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Uzoshintsha izimilo zabo. Uzokwenza amadoda, labo ababazondayo, babe ngabafowabo. Uzosusa ubugovu, nenzondo nokuhilizisana; bese ufaka uthando nenjabulo, nokuthula, ukulunga nesihawu.

88 Yebo, ezindaweni ezingalindelekile, ngezinye izikhathi lapho othola khona okufunayo.

89 Babenganikezela ngani abantwana bakwaIsrayeli (yonke impango yaseGibhithe) lapho izindebe zabo zopha khona, lapho ulwimi lwabo lulengela ngaphandle kwemilomo yabo na? Babenganikezela ngalolonke igolide ababeliphange kumaGibhithe, ngesiphuzo esisodwa esibandayo samanzi. Abaholi babo basehlane babebahole bevela emthonjeni yasehlane kuya emthonjeni wasehlane, kusuka eziseleni kuya emithonjeni, kodwa yonke yayomile.

90 Ngakho-ke nakhu kuza, ngaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo! IPhimbo lakhuluma kumprofethi lathi, "Khuluma edwaleni," into eyome kunakho konke

okusehlane, into eqhele kakhulu namanzi. Lapho ukoma kwabo kwaqedwa, ngaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo. "Khuluma edwaleni." Hhayi ukuthi khokhela idwala, kodwa "khuluma edwaleni."

91 UseyileloDwala kulobubusuku. UliDwala ezweni eliyethileyo. Uma uhamba ezweni eliyethileyo, khuluma eDwaleni. Awudingi ukuba uMkhokhele; khuluma naYe. Futhi Ulusizo oluhlala lukhona ngesikhathi senkathazo. Uma ugula, khuluma eDwaleni. Uma uguliswa yisono, khuluma eDwaleni. Uma ukhathele, khuluma eDwaleni.

92 Niyabo, kwabonakala sengathi lalingaba noma yikuphi . . . Kwabukeka kanjalo, uma kungekho manzi phansi ezindaweni ezincane lapho okwakunemithombo khona, bekungeke kwaba namanzi phezulu kuleyontaba, ngasedwaleni. UNkulunkulu wenza izinto ngendlela ephambene kulokho umuntu akucabangayo. Idwala, indawo eyome kunazo zonke ehlane, kodwa Wathi, "Khuluma eDwaleni."

93 Namhlanje, abantu badukiswe kakhulu. Bacabanga ukuthi uma bengahamba bese besho imikhuleko yabo, bakhokhele umpristi othize ukuba abasholo imikhuleko embalwa, bakhokhele indlela yabo bedlule. Uma beyokwakha ibandla elikhulu ndawanathize, nendoda ethize enothile izolixhasa ngezimali, baqhubeke nokuphila ngenkanuko, babe nomunye othize ozomkhulekela, ucabanga ukuthi yilokho nje. UNkulunkulu akayidingi imali yakho engcolile. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Yonke into Ayifunayo ngukuzinikela kwakho nokuphila kwakho ukuba ukhulume naYe. UNkulunkulu ukuphe imali, ungayichitheli ezintweni ezingenelisiyo. Yichithe ezintweni ezenelisayo. Kodwa ukuletha ukweneliseka kweqiniso, ungeke uze ukuthole uze ukhulume eDwaleni.

94 Laletha amanzi anikeza ukuphila, ngaphandle kwemali noma ngaphandle kwenkokhelo. Futhi baphuza, namakamela abo aphuza, nabantwana babo baphuza, futhi lisalokhu lingumthombo ogeleza ehlane.

95 Nakanjalo-ke UliDwala namhlanje, kulelizwe eliyethileyo, labantu ababhubhayo. "Noma ngubani okholwa nguYe akayi kubhubha, kodwa unokuPhila okuPhakade."

96 Qaphelani. Bonke ubusuku, babengadingeki ukuba bakhathazeke ngesinkwa. Isinkwa sabo sasilethwa kubo, njalo ebusuku, sifreshi.

97 Siyahamba namhlanje siyothola ulofu wesinkwa. Uma ungophila ngokunxiba, futhi uhambe uze ngapha esitolo, bese uthi, "Ngingathanda ulofu wesinkwa."

98 Angathi, "Ngikhombise, kuqala, ikota yakho. Ngifanele ngibe namashumi amabili nanhlanu amasenti ngalolofu wesinkwa."

99 Futhi unani uma uwuthola na? Lokhu sekuthi akuphume kancane kumthengisi wokudla, kodwa unokuphansi kunakho konke lokho ukolo ongakukhiqiza. Bakhipha wonke a—amavithamini kuso, zonke izimpekephe, bese bekunika ingulube. Bahlanganise isigejane senhlama ehlanganisa izimpekephe ndawonye, bese bekusefa kuphume, futhi kwenza ulofu wesinkwa, esenziwe ngezingcolile, izandla ezenyanyekayo, izikhathi eziningi. Uyabona ukuthi utholani esinkweni sakho, ngesinye isikhathi, izibumbatha zezinwele, nezinto ezingalungile, nezicucu zokokugoqa, nayo yonk'into ewela kulawomabhikawozi. Abantu abayizoni abanezifo zogconsula, nayo yonk'into, bakuhlanganise phakathi kuso. Uma ungasibona senziwa, ubungeke usidle ngisho nokusidla. Futhi, nokho, ukhokha amashumi amabili nanhlanu amasenti akho noma uma kungenjalo awusitholi.

100 Futhi uNkulunkulu wayebondla njalo ebusuku, ngesinkwa esenziwe ngezandla zeziNgelosi; ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenkokhelo. Futhi, namhlanje, lesosinkwa sasimelele uKristu, ukuPhila kokomoya, kwehla kuvela eZulwini, ukunikeza ukuPhila kwaKhe.

101 Futhi uNkulunkulu unikeza abantwana baKhe, nsuku zonke, isehlakalo esisha. Niyakhumbula, uma babegcine isinkwa benzela ingomuso, sasonakala.

102 Uzwa omunye ekhuluma ngokuthi, "Awu, ngine... Ngizokutshela. NgingumLuthela. NgiyiPresbyterian, iBaptisti. NgiyiPentecostal," lowo ulofu wesinkwa isidala esenziwe ngesandla. Yilokho okukhona kuso, siyenyanyeka nje, futhi senziwe ngezandla zabantu.

103 Kodwa uma uzwa isehlakalo sobufakazi, obufreshi, "Kulokhu ukusa, emkhulekweni, uMoya oNgcwele ubhaphathize umphefumulo wami kabusha," o, mfowethu, lokho uKudla kweziNgelosi. Ubondla ngokusha, nsuku zonke, okuvela eZulwini.

> Izihlambi zezibusiso siyazidinga.
> Amathonsi omusa awa eduze nathi,
> Kodwa ngezihlambi siyanxusa.

104 O, yebo, thumela wehlise esivela eZulwini, esifreshi, Nkosi, uKristu iSinkwa sokuPhila. Siphose phakathi enhliziyweni yami, futhi mangithokozele uBukhona baKhe obukhulu.

105 Impela, babenokubonga. Babenokubonga. Futhi noma yiyiphi indoda noma owesifazane ozelwe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi emukela uMoya oNgcwele, uyohlala njalo enokubonga. Akunandaba ukuthi kwenzekani, uyoba nokubonga.

106 Njengomncane, umfana oyimpumputhe enhla ezintabeni, uBenny omncane, wazalwa. Cishe enezinyanga ezisishiyagalombili ubudala, ungwengwezi lwaqala ukukhula

lwamboza amehlo akhe. Abazali bakhe wayempofu. Babehlala egqumeni elidala lobumba. Futhi babazi ukuthi lokho kuhlinzwa kwakungawasindisa amehlo kaBenny omncane, ukuze akwazi ukubona. Usengumfana manje ocishe abe neminyaka eyishumi nambili ubudala. Abazali bakhe babekwazi nje ukuthola eyenele ukuba bathole isinkwa sabo nenyama okonyaka. Babengakwazi ukukhokhela ukuhlinzwa.

107 Bonke omakhelwane, kanye kanye, bambona uBenny omncane ezama ukudlala nabantwanyana abancane phandle lapho, ephuphuthekile. Wayengakuboni ayekwenza. Bamdabukela. Futhi ngamunye, ngalowo nyaka, bafaka enye ingxenye encane yesitshalo. Basebenza kakhudlwana ekukhanyeni kwelanga. Futhi ngesikhathi izitshalo sezithengisiwe ekwindla, bathatha imali base begibelisa uBenny omncane esitimeleni, futhi bamthumela kudokotela.

108 Bamhlinza ngempumelelo. Futhi lapho ebuya, bonke omakhelwane babuthana ngenkathi uBenny omncane ehla esitimeleni. Awakhe amancane, amehlo agqamile akhanya. Waqala ukumemeza nokukhala, lapho ebuka ubuso babo.

109 Omunye wokhondaktha wathi, "Ndodana, kukubizeni ngalokho kuhlinzwa na?"

110 Wathi, "Mnumzane, angazi ukuthi kubabizeni lababantu. Kodwa ngijabula kakhulu ukuthi ngiyabubona ubuso babo, abakhokhele inkokhelo."

111 Yileyondlela esizizwela ngayo. Angazi ukuthi Kwambizani uNkulunkulu. Ngiyazi ukuthi Wanginika okuhle kunakho konke Ayenakho, iNdodana yaKhe. Kodwa nginokubonga kakhulu ukuba nalokhu kubona kukamoya, ukuthi ngingabuka ebusweni baKhe futhi ngazi ukuthi Wangifela. Angazi ukuthi KwaMbizani. Asinandlela yokukuhlawumpisela. Inkokhelo inkulu kakhulu. Bengingekutshele ukuthi ikanjani. Kodwa nginokubonga. Nginokubonga kakhulu, ukuthi, ngandlela thize nganginngaboni, manje sengiyabona.

112 Nginokubonga kakhulu ukuthi ngesikhathi iMayo Brothers ingitshela ukuthi isikhathi sami sasesiphelile, ngesikhathi odokotela bengitshela ukuthi ngingeke ngisaphila kade, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu eyedlula, ngiyaphila namhlanje. Angazi ukuthi kumbizani uNkulunkulu, kodwa nginokubonga ukuthi ngiyaphila.

113 Ngake ngaba yisoni, esiboshwe esonweni, nobuhlungu benhliziyo, ngesaba ukufa. Kodwa, namhlanje, ukufa kungukunqoba kwami. Haleluya! Kungangiletha kuphela eBukhoneni baKhe engimthandayo, ukuthi ngingabuka ebusweni baKhe. Waguqula into, ngokuhlinzwa, Wathatha inhliziyo yami wayenza kabusha. Ngiyazi kukhona okuthize okwenzeka kimi.

114 Ephepheni ekukhithikeni okwedlule, eMinnesota. Bekunomfana omncane owathatha ibhayisikili lakhe waya enkonzweni ngokunye ukusa, kuSonto sikole. Enye insizwa komakhelwane, yayingenamsebenzi noSonto sikole, yathatha intombi yayo yaya kotshuza. Nendoda yayiyindoda esikhulile, futhi yangena eqhweni elilucwephe futhi yawa. Yayihleke umfana omncane kulokho kusa lapho ehla ngomgwaqo, yatshela intombi yayo, yathi, "Leso yisigejane sezinhlanya ziya ngale kulelo bandla." Futhi ngenkathi iwela eqhweni, intombi yayo yayiqhelile kuyo. Yayilula; yabaleka. Kodwa ngenkathi ikhuphuka futhi ibeka izingalo zayo eqhweni, yakhubazeka, futhi yalengela eqhweni.

115 Intombi yayo yazama ukufinyelela kuyo, kodwa intombi yayisinda kakhulu, ibhodloza iqhwa. Yammemeza, "Buyela emuva! Buyela emuva! Uzowela phakathi kuphela, futhi sizominza sobabili." Yamemeza, yakhala, futhi kungekho lutho olungayisiza.

116 Emva kwesikhashana, ngaphezulu esicongweni segquma, kuza ibhayisikili elincane, lishova, umfana omncane neBhayibheli ekhwapheni lakhe. Wezwa ukumemeza, wase egijimisa ibhayisikili lakhe elincane. Wabeka iBhayibheli lakhe phansi, wase egijimela phezu kweqhwa. Wahushuzela ngesisu sakhe esincane, ngezimpahla zakhe zikanokusho, waze wabamba izingalo zendoda, futhi waqhubeka nokuyidonsela emuva ngaphakathi, waze wayikhipha eqhweni. Wagijima waphuma futhi wamisa imoto ngekhwela. Babiza i-ambulensi yayisimusa esibhedlela.

117 Emva kokuba esehambile futhi wakhokhela i-ambulensi, wakhokhela odokotela ngemijovo yenyumoniya nezinto angahle ukuba wazithatha, weza kumfana omncane. Wathi, "Ndodana, ngikukweleta ini na?"

Wathi, "Lutho."

118 Wathi, "Ngikukweleta impilo yami." Kucabange nje. Imali beyingeke ikukhokhele. Kwakuyimpilo yakhe.

119 Yileyondlela ebesifanele sizizwele ngayo kuNkulunkulu. Hhayi ukuthenga indlela yethu ngokuthize; kodwa sikweleta uNkulunkulu ukuphila kwethu, ngokuba sasifa futhi sicwila esiseleni sesono. UNkulunkulu waphonsa izingalo zaKhe futhi angembathise ngengubo ende.

> Ngangicwile ngajula esonweni,
> Ngivela kude ogwini olunokuthula,
> Ngingcoliswe kakhulu ngamabala ngaphakathi,
> Ngicwilile ngingasophinde ngiphakame;

Kodwa iNkosi yolwandle
Yezwa ukukhala kwami okulusizi,
Emanzini yangiphakamisa,
Manje sengiphephile.

120 NgiMkweleta ukuphila kwami. UMkweleta ukuphila kwakho. UMkweleta ukuphila kwakho, ukuba uMkhonze; hhayi ukukunikeza, ukuhambahamba futhi uqhoshe ngebandla lakho lehlelo; hhayi ukuhambahamba futhi ugxeke abanye; kodwa ukuzama ukukhonza futhi usindise abanye, nokubaletha ekwazini kweNkosi uJesu Kristu.

121 Indodana yolahleko. Sengivala, ngingahle ngisho lokhu. Ngenkathi isichithe konke okwefa layo, ifa likayise, ngempilo yayo engalawuleki, futhi ngenkathi isibuyela ekhaya . . . Yayilala ehhokweni lezingulube, futhi yaswanguluka. Yayisithi, "Zingaki izisebenzi eziqashiwe, ubaba wami anazo, ezinokwenele ukuba zikubeke eceleni, futhi lapha ngiyafa, ngokweswela." Ukubake yazama ukuthi, "Angazi ukuthi ngabe nginayo yini imali engingakhokhela ngayo ubaba, (engiyichithile ekubalekeni) ngayo?" Kodwa yayiyazi imvelo kababa wayo, yasisithi, "Ngizovuka ngiye kubaba wami."

122 Ubaba akazange athi, "Awume kancane, ndodana! Ngabe ubuyisela imali yami na?" Qhabo. Akazange ayikhokhise ngezono zayo. Wayejabule ukuthi yayibuya. Wayejabule ukuthi yayisiswangulukile, ngoba yayiyindodana yakhe. Yayingumntwana wakhe uqobo. Wayejabule ukuthi yayisendleleni yayo eya ekhaya. Manje, akazange aphasise isono sayo, kodwa wajabula ngenkathi isiswanguluka futhi yathi, "Ngonile phambi kukaNkulunkulu wami, naphambi kukababa wami. Ngiyovuka futhi ngiye kuye."

123 Futhi ngesikhathi eyibona, isesebangeni, wagijimela kuyo futhi wayanga. Wayesethi, "Bulalani ithole elikhuluphalisiwe," ngaphandle kwemali. "Lethani ingubo ende enhle kunazo zonke," ngaphandle kwemali. "Lethani indandatho," ngaphandle kwemali, "yifakeni emnweni wayo. Masidle, siphuze, futhi sethabe, ngokuba lokhu indodana yami beyilahlekile futhi manje seyitholakele. Yayifile, futhi isiyaphila futhi. Masithokoze ngakho."

124 Mangisho lokhu bangani, ukuba ngivale. Into kuphela eyenelisayo, izinto kuphela ekhona, izinto zangempela kuphela ezikhona, zingeke zathengwa ngemali. Ziyizipho zamahhala zikaNkulunkulu, ngoJesu Kristu: insindiso yomphefumulo; injabulo. Wozani nidle, futhi nisuthe.

Ni*yichithelani imali kukho okungesiso isinkwa na? nenzuzo yenu kukho oku*ngenelisi *na? ngilaleleni nokungilalela, nidle*. . .*okuhle, umphefumulo wenu ujabule ngamanoni.*

> *Bekani* izindlebe, *nize* ki*mi: nizwe, uyakuphila umphefumulo wenu;* Ngi*yakwenza nani isivumelwano esiphakade, izenzo zomusa oqinisekileyo zikaDavide*.

125 Zonke izinto ezihlala isikhathi eside, zonke izinto ezinhle, zonke izinto ezijabulisayo, zonke izinto eziPhakade, zingesihle, futhi azikubizi lutho. Ekugcineni kokulotshwa kwaleNcwadi, Kwathi, "Noma ngubani othandayo, makeze aphuze eManzini emithombo yokuPhila, ngesihle," ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenkokhelo. Kungani nichitha imali yenu kulokho okungenelisi, futhi niyeke izinto zangempela eyenelisayo, ngesihle, ihambe ingakagcinwa nguwe na?

Asikhuleke.

126 Nisathule futhi nisemkhulekweni, ngabe ukhona, kulesi sakhiwo, kulokhu ukusa, labo abangazange baphuze kulowo Mthombo, okungukuthi izifiso zezwe sisesempilweni yakho, futhi ungathanda ukushintsha indawo yakho yokuphuza, kulokhu ukusa, noma inzalo eyeqile yemali yakho na? Ungathanda ukuza futhi uthenge kuNkulunkulu, (ngaphandle kwemali, ngaphandle kwenkokhelo), uju nobisi, izinjabulo zewayini na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, usakhuleka"? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, dade. Ngabe bakhona abanye abangathi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, usakhuleka"?

127 Abanye benu bantu abasha, ya, ochithe ukuphila kwakho. A—a—amahora umama awachithile ekukhulekela, nobaba, konke ukufundisa okwenzelwe wena, futhi nokho ukubeke eceleni, ukuba ulalele ukunyenyeza kukadeveli. Manje ulangazelela umculo wezwe, izinto zezwe. Futhi usuyaswanguluka, njengendodana yolahleko ehhokweni lezingulube. Ungasiphakamisa isandla sakho, dade, mfowethu, bese uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule. Ngenze ngiswanguluke, kulokhu ukusa, mangize endlini kaBaba"? Akukubizi nanto yinye. Ukulindele. Akunandaba ukuthi wenzeni, "Nakuba izono zakho zibomvu tebhu, ziyoba mhlophe njengeqhwa; zibomvu njengobubende, zizoba mhlophe njengoboya bezimvu." Yilabo abaseBukhoneni bukaNkulunkulu, abazophakamisa isandla sabo na?

128 Labo abagulayo nabadingayo, thanini, "Ngi—ngiwele esiseleni. USathane we—wenze okubi kimi. Ungikhubazile futhi wangigulisa, noma okuthize. Ngiyafisa, kulokhu ukusa, iketango likaNkulunkulu lokukholwa ukuba lihambe lingene enhliziyweni yami, elizongidonsa lingikhiphe kulesi sisele, njengendoda esangweni elithiwa Lihle." Phakamisani izandla zenu. UNkulunkulu anibusise, ngamunye.

129 Nkosi, ngiletha kuWe, kulelihora, labo abaphakamisa izandla zabo, kukho ukuthethelelwa kwezono zabo. Wena unguNkulunkulu, noNkulunkulu yedwa. Khona lapho abahlezi khona manje, yilapho Okhulume nabo khona. Yilapho Obakholise khona ukuthi bebesephutheni, uma iZwi selithole indawo yaLo, noMoya oNgcwele uqala ukukhuluma, futhi uthi, "Usephutheni. Jika, futhi ubuyele kuNkulunkulu uBaba." Futhi baphakamise izandla zabo, ukukhombisa ukuthi bafune ukuphuma kulelihhoko lezingulube lasemhlabeni, ukuba beze endlini kaBaba, lapho kunokuningi khona, lapho abangeke badingeka ukuba balethe lutho. Njengoba usonkondlo akubeka kahle, "Angizi nalutho ezandleni zami, kalula nje esiphambanweni saKho ngiyabambelela." Kwangathi bangeza, kamnandi, ngokuzithoba, futhi baphenduke, futhi banikele izimpilo zabo. Futhi Uzoletha ingubo ende enhle kunazo zonke; nendandatho, futhi uyifake eminweni yabo; bese ubondla ngeMana yeWundlu elihlatshiwe. Siphe khona, Nkosi.

130 Kunalabo abagulayo nabahlaselekile. Bayadinga. USathane ubaphosele esiseleni, akungabazeki, ukweswela imali yokuhlinzwa. Akungabazeki, mhlawumbe, abaningi babo bangeke bangahlinzwa. Mhlawumbe udokotela angekwazi ukukhipha isisusa, ngisho ngabe wayenemali eningi. Kodwa Wena unguNkulunkulu. Futhi ngiyakhuleka ukuthi kulelihora nje, ngaphansi kogcobo lukaMoya oNgcwele ohlezi khona lapha manje, ukuthi Uzophulukisa bonke. Kwangathi bangaphulukiswa, kusukela ekhanda labo kuye ezinyaweni zabo, lonke ichashaza.

131 Uma bengenanjabulo; insindiso yabo, abasakwazi ukuYithokozela nhlobo. Njengoba uDavide asho, wasendulo, "Buyisela intokozo yensindiso yami." Kwangathi bangemukela intokozo nenjabulo, yokuhwaqabala kwabo nokukhathala, ngokuba Wena uliDwala ezweni eliyethileyo. Uyisikhoselo ngesikhathi sesivunguvungu. Uma udeveli ephonsa konke ukugula nomcibisholo kubo, Uyisikhoselo ngesikhathi sesivunguvungu. Makube njalo, namhlanje, Nkulunkulu, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Kancane nakamnandi uJesu uyabiza,
Ubiza wena, nami;
Nakuba sonile, Unomusa nentethelelo,
Ukuthelelwa kwakho nokwami.

Woza ekhaya . . .

132 Manje uma ufisa uku, nyukela ealtare futhi uguqe phansi, singahle sikhuleke nawe, sikugcobe, noma yini esingayenza. Wemukelekile.

. . . eliyethile, woza ekhaya;
Ngokuphikelela, nakamnandi, uJesu uyabiza,
Uyabiza, O soni, woza ekhaya!

133 NiyaMthanda na? Teddy, ungasinika ishuni, "Ng'yaMthanda, Ng'yaMthanda ngoba Wang'thanda kuqala." Ungalithola lelo na?

134 Asiculele inkazimulo yaKhe, ngaphambi kokuba siguqule uhlelo lwenkonzo, umzuzwana nje. Lokhu ngukukhonza. UMlayezo usuphumile. Ngijabula kakhulu ukuthi niWemukelile. Ngikhulekela ukuthi Uzonisiza, ngokuba kungisizile ukuWukhuluma. Ngikhulekela ukuthi ukuphefumulelwa okufanayo ebenginikezwe khona, ukuba ngiwuWukhulume kini, niWemukele ngokuphefumulelwa okufanayo Obewuthunyelwe ngakho. Kwangathi iNkosi ingaWubusisa enhliziyweni yakho. Kulungile.

Ng'yaMthanda,

Manje valani emehlo enu nje, sisacula. Phakamisani izandla zenu.

Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

135 Manje asikhothamise amakhanda ethu nje, silihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Ng'yaMthanda*—Umhl.] NiyaMthanda na? Ngabe Uyaphatheka enhliziyweni yakho na? Ngabe akukho okuthize ngaYe, ukuphatheka kakhulu na? NgiyaMthanda ngoba Wangithanda kuqala, waphonsa umthombo wokuPhila eKalvari, waKuhhukela enhliziyweni yami.

136 Ningakhohlwa, uMfowethu Kurmmond [Drummond] uzosishumayelela kusihlwa, ubusuku besidlo. Uma uyithanda iNkosi, yehla futhi uthathe isidlo kanye nathi. INkosi ithanda, ngizoba lapha nani. Lowo ngumkhwenyana wendodakazi kaMfowethu Tony Zabel; uMfowethu Thom ovela eAfrika; indodana yakhe, umfana okahle; omuhle kakhulu, umKristu oqinile, umshumayeli omncane omuhle.

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

137 Sisakhothamise amakhanda ethu manje, njengoba upiyano luzoqhubeka.

138 Nkosi Jesu, silungiselela ukungena kwenye inkonzo, Nkosi. SiyaKubonga ngoMoya oNgcwele okhulume ezinhliziyweni zethu. Futhi siyajabula, Nkosi, ukuthi Usenzele lokhu. Futhi kwangathi iZwi laKho lingebuyele kuWe lilambatha, kodwa kwangathi Lingafeza lokho ebeLihloselwe ukukwenza. Kwangathi Lingahlala ezinhliziyweni zethu zonke, ukwazi ukuthi zonke izinto eziphathekayo nezinto ezihlala isikhathi eside zivela kuNkulunkulu, ngaphandle kwemali, ngaphandle

kwenkokhelo. Singazisokolelelani-ke izinto, futhi sikwenze kube udaba lokufa nokuphila olunjalo, ngezinto ezizobhubha na? Masizabalaze kakhulu, Nkosi, ngezinto ezingeke zibhubhe, ezingenankokhelo. Inkokhelo isikhokhelwe ngesihle, nokubiza kwemukelekile, "Noma ubani ofunayo, makeze."

139 Busisa ingxenye eqhubekayo yalenkonzo. Siphe khona, Nkosi. Futhi uhlangane nathi kusihlwa. Busisa inkonzo yombhaphathizo. Kwangathi kungaba nokuthululwa okukhulu. Kwangathi laba bantu, abazobhaphathizwa eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi Jesu, kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Kwangathi laba bantu, abaphakamise izandla zabo, ukuba baphenduke, kulokhu ukusa, ezonweni zabo, kwangathi bangeza, bangene ezimpahleni zombhaphathizo, bese bengena echibini, futhi bafakazise ezweni ukuthi bathethelelwe izono zabo. Futhi bayabhaphathizwa, ukuze basuswe encwadini. Siphe khona, Nkosi.

140 Yiba noMfowethu Kurmmond [Drummond] kulobubusuku asasilethela umlayezo, omusha ovela eSihlalweni sobukhosi. Mgcobe ngoMoya oNgcwele. Futhi ube nathi sisathatha isidlo. Kwangathi izinhliziyo zethu zingahlanzeka futhi zibemsulwa, kwangathi kungebekhona ukungcola kithi. Kwangathi iGazi likaJesu lingasihlanza kuso sonke isono. Siphe khona, Nkosi. Gcina ukugula kungekho phakathi kwethu, futhi usiphe intokozo nokuthula. Sikucela ngoJesu Kristu. Amen.

Ng'yathanda . . .

141 NiyaMthanda na? Manje phakamiselani izandla zenu kuYe.

Ng'yaMthanda
Be-. . .

Manje yelula isandla uxhawulane nomunye oseceleni kwakho.

. . . kuqala . . .

(Russel, ng'yaMthanda. Uma ngifa namhlanje, ng'yaMthanda.)

Wang'thengela . . .

Kunjalo, finyelela yonke indawo lapho uxhawule izandla.

. . . insindiso
EKalvari . . .

Kulungile, Mfowethu Neville, ngezwi lakhe. Kulungile.

*Ngaphandle KweMali Noma*
*Ngaphandle KweNkokhelo* ZUL59-0802
(Without Money Or Without Price)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Agasti 2, ngo 1959, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

